IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Indoda Ecebile, Indoda Empofu

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: M. Maillot; Lazarus

Ifanekiswe ngu: M. Maillot; Sarah S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2017 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UJesu weyazi ukuba iningi labahholi bokholo babeyithanda imali ngaphezu kwaNkulunkulu.

Wabaxoxela ngabantu ababili,
nokuthi kungani kungasizi
ukuceba ngaphandle
kwaNkulunkulu.

Ingcebo angeke ithenge impilo yakho kuNkulunkulu ezulwini.

Kwakukhona indoda ecebile eyayinezingubo ezinhle ezibizayo. Wayegqokisa kwenkosi.

Indoda ecebile futhi yayidla kamnandi. Sonke isidlo kwaku idili elikhulu.



Wayenemali eningi ngalendlela wayengathenga noma yini yokudla ngesidlo sasekuseni, esasemini, esasebusuku – ngisho nesidlo saphakathi kwezidlo.



Esangweni sendoda ecebile
kwakukhona indoda
ehluphekile, egulayo



futhi elambhile.

Igama lendoda kwaku uLazaru.



Isono esiwu Lazaru
sasigcwele izilonda.
Kungenzeka ukuba
wayenesifo.

Kungenzeka ukuba
wayenezibazi kanye
nemivimbo ngenxa
yabantu
ababenesihluku
kuyena.

Mhlampe wayenezilonda ngoba wayengenako ukudla okufana nobisi, izitshalo ngisho nenyama.

ULazaru wayekulangazelela ukudla.

Wayengajabuliswa ngisho izimvutho

zasetafuleni zendoda ecebile.

Izinja ezingenamunikazi zazike ziye kulendoda eyisono ...

... ecelayo emgwaqeni. Zimunuke futhi zikhothe izilonda zakhe.

Akekho owayekhathazekile ukuthi uLazaru ubulawa indlala.

Ngelinye ilanga, akavukanga ekuseni uLazaru.

Isono
esihluphekile
esicelayo
esibulawa
indlala
esingenamuntu
sasisiphelelwe
...

... impilo.
ULazaru
wayeseshonile.

Intokozo yaLazaru yaqala ngenkathi eseshonile. UJesu wathi izingelosi zamuthatha eyoba noAbrahamu. ULazaru waduduzwa nguNkulunkulu.

Indoda ecebile nayo yadlula emhlabeni. Yonke imali yakhe yayingeke iyisindise impilo yakhe.

Uma ukufa sekufikile, akekho ongakuvimba.

Indoda ecebile yangcwatshwa. Mhlampe kwaba umgcwabo omkhulu.

Mhlampe abantu babekhuluma bencoma ubuhlakani bendoda kanye nempumelelo.

Kodwa ukuncoma kwabo akumusizanga. Indoda ecebile yayisesihogweni.

Esihogweni, indoda ecebile yakhala, ...

... “Baba Abrahama, thumela uLazaru ukuba econsisele amanzi ngomunwe wakhe ukuze apholise ulimi lwami; ngihlukumezekile kulamalangabi.”

“Ubunakhokonke empilweni kodwa uLazaru engenalutho,” U-Abrahama ekhumbuza indoda ecebile.

“Manje uLazaru ududuzekile wena uhlukumezekile. Nangaphezu kwakho konke lokho kubekiwe umhosha omkhulu phakathi kwakho nathi.”

“Thumela uLazaru ukuba axwayise abafowami abahlanu”, kucela indoda ecebile.

“Angifuni
begcine bekulendawo
yokuhlukumezeka nabo.”

“Abafowakho banalo izwi likaNkulunkulu,” kuphendula u-Abrahama.

Uma abafowakhe bengalikholwa iBhayibheli, babengeke bakholwe ukuba uLazaru wavuka kwabafileyo.

Wathi eseyiqedile indaba uJesu indaba yendoda ecebile kanye noLazaru, mhlampe abahholi bokholo bazibuza, ...

... “Kaze ngithanda umnotho ngaphezu kwaNkulunkulu na?” Manje babesazi ukuthi kuzokwenzekelani uma bengaliqaphelisisi izwi likaNkulunkulu.

Indoda Ecebile, Indoda Empofu

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Luka 16

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa." AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi
iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena
unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba
inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni
usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni
yami ungithethelele izono zami, ukuze
ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze
ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade.
Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele
Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu
nsuku zonke! Johane 3:16